

Speech by KZN Health MEC, Neliswa Nkonyeni on the occasion of a VCT Campaign at Dukuza Stadium in Bergville.

28 April 07

Njengoba sihlangene nje, masibambisane ngokugxusa uMdali ukuthi asibhekele uNgqongqoshe wethu wezeMpilo, uDr Manto Shabalala Msimang ukuthi asheshe alulame.

SinguMnyango wezeMpilo, sisambisene no Ukhozi FM, ikakhulukazi uMenenja Mbodloza Nzimande, siyanibingelela Mphakathi wase Bergville kanye nani nonke enivela kule District yaso Thukela.

Lapha siphethe umkhankaso wokugqugquzulela bonke abahlali balelizwe ukuthi beze phambili bazozihlola, bazi ukuthi isimo sabo sime njani ngalomshikashika we Ngculazi.

Ukhozi FM sisebenza nalo ngoba siyazi ukuthi lufinyelela kuzo zonke izindawo nakulezo esizithatha ngama **HIGH RISK TRANSMISSION AREAS** okubalwa amahostela, amajoyinti kanye nakulezo ndawo ezihanjwa yilabo abadayisa ngemizimba.

Ingqikithi yodaba esihamba ngayo ithi:

KNOWLEDGE IS POWER –KNOW YOUR STATUS

Kulo leliviki esikulo, ngoLwesibili uMnyango wezeMpilo umemezele isabelo zimali sawo nalapho uchaze khona ukuthi lemali izosetshenziswa kanji ukuthuthukisa izimpilo zahlali balesifunda.

Imali esikhuluma ngayo lapha isamba sika **R14 billion** nesichazile ukuthi sizoyisebenzisela kakhulu ukubhekelela izinhlelo eziphathelene nomama kanye nabantwana. I theme esiyilandelayo kuloku ithi ***INVESTING IN WOMEN AND CHILDREN SECURES A HEALTHY NATION.***

Lapha sisho ngaphandle kwamahloni ukuthi uma singanakekela ikakhulukazi koma kanye nabantwana nakanjani sizophumelela ekusunguleni isizwe esiphilayo nesiqotho. Cha, asibabandlululi obaba.

Imali esizosebenza ngayo kulonyaka kulwiswana nayo ingculazi yisamba sika **R988. 5million.**

Ngithi uma sisebenzisana, nakanjani, **SIZOYINQOBA LENGCULAZI!**

Esivumelana ngakho lapha ukuthi uhlelo lokuvimbela **PREVENTION** ilona oluzosisiza kakhulu.

Kumalunga omphakathi ngokugcwele sithi kubalulekile ukuthi umuntu azazi ukuthi ume kuphi ngesimo sakhe, loko kuza ngendlela eyodwa vo: **VOLUNTARY COUNSELLING AND TESTING.**

Kuloluhlelo kutholakala nezeluleko ezithi:

- Uma ungenalo igciwane, zithibe
- Thembeka kulona othandana naye, naye athembeke kuwe
- Ungalwenzi ucansi olungakhuselekile
- Yiya emtholampilo nothandana naye nize laphe izifo zocansi.
- Yazazi ukuthi isifo se TB siyelapheka noma ngabe usuphila negciwane lengculazi
- Yazazi ukuthi kuyicala elibomvu ukusulela umuntu ngegculazi uma sewazi ukuthi unayo.

Umnyango weZeMpilo kulesifunda uzimisele futhi ukulungele ukunakekela bonke abahlali abaphathekile.

Kumanje sesisithathile isinqumo sokuthi bonke abantu abathola imishanguzo kanye nalabo abadla imithi yokulwisana nesifo sofuba sibanikeze ama **NUTRITIONAL PACKS** asiza ukuthi babe nokudla eziswini uma bethatha lemithi kanye nokubhekelela ukusimama kwemizimba yabo ngokugcwele.

Yazi ukuthi kuyo yonke imitholampilo yethu lutholakala mahhala usizo lwe:

VCT and PMTCT

Bakwethu asingabe sizadlulisela leligciwane kubantwana isidingo singekho.

Kuhle ngichaze ukuthi kulesifunda saso Thukela, izikhungo zezeMpilo esinazo, zonke zinazo lezinhlelo. Lezikhungo zime kanje:

- Health Facilities – 40
- Hospitals – 3
- PHC clinics – 37
- VCT Non–medical sites – 3

Lemininingwane ngiyidalula ngoba ngifuna ukukhombisa ukuthi usizo luyatholakala kuzo zonke izindawo esiqhamuka kuzo. Okungikhathazayo mina ukuthi bangu 15 385 abantu abeze phambili bazohlola kulonyaka odlule kuyo yonke le District.

Okukhathaza kakhulu kuba yisibalo salaba abahambela ama ANTE–NATAL CLINICS nokutholakala ukuthi sebephila naleligciwane. Ziyashaqisa izibalo esizithola komame esibahlolayo ngoba zikhomba ukuthi

siphezulu kakhulu isbalo somame asebaphila nalegciwane kulendawo.

Angiphinde ngiveze ukuthi, kulelizwe enye inkinga esibhekene nayo iphathelene ne TB. Kubi kakhulu ukubona abantu bakithi beqhubeka bebulawa yi TB kodwa thina sibe sazi kamhlophe ukuthi iyelapheka nanokuthi usizo lutholakala mahhala. Ingozi enkulu ukuthi lesisifo sihamba ngomoya, labo Bantu abahlala nomuntu onayo I TB futhi ongayilaphi, nabo mabazi ukuthi nakanjani, izobangena. Sinawo umkhankaso esiwuqalile ngalesisifo othi:

TB ANYWHERE IS TB EVERYWHERE

Masitshela wonke umuntu ukuthi uMnyango wezeMpilo I TB uyilapha mahhala. Bonke laba abanalezimpawu mabalehwe emitholampilo yethu:

A cough for longer than 2 weeks

Chest pains

Tiredness and weakness of the body

Loss of appetite and weight

Night sweats, even when it is cold

Coughing up blood

Njengoba namhlanje sibe nenhlanhla yokubonana, masazise bonke abahlali bale District ababalelwa ku

553 671 ukuthi uMnyango wezeMpilo ungakwazi ukusinakekela sonke, ngazo zonke izifo ezisihluphayo, njengaloku unalezizinda:

- 1 Regional Hospital
- 3 District Hospitals
- 24 Fixed Clinics
- 17 Mobile Clinics
- 117 Visiting Points

Kwabona omasipala abangu 9 baleDistrict, baneyawo imitholampilo. Bakwethu asisebenzise usizo olutholakalayo.

Phansi nokunukubezwa kanye nokudlwengulwa kwabantwana kanye nabantu besifazane!

Phansi nokuxhashazwa kotshwala!

Phansi ngobuvila!

“Knowledge is Power: Know Your Status!”